Kuhlomule izikole zaseMlazi

Esithombeni uThobile Cele (Edutrade), Mnuz. W.B.Zungu uthisha wase Zwelihle High, Skhosana Thembinkosi ongumfundi waseZwelihle High, Junaid Naby wakwaVodacom no- Ahmed Motala we-New Africa Education Foundation

Lindiwe Mbambo

UKUHLANGANA kwenkampani yakwaVodacom nesikhungo semfundo ephakeme iMangosuthu University of Technology kuthele izithelo ezintsha kwizikole ezintathu zamabanga aphakeme.

Izikole ezihlomule ngaphansi kwalolu hlelo iCAPS Edutrade Phyisical Science Kit iMenzi High, Zwelihle High neWestville Boys. Lezi zinsiza zinikelwe abakwa Vodacom. Lesi sikole sibambe iviki lo-Njiniyela okungeyesibili e-Afrika. Leli viki liqale mgomhlaka-28 Septhemba kuya ku-30 Septhemba, bebebambisebe nomnyango we-Science neTechnology (DST), umkhandlu weTheku ne-Engineering council of South. Kulomcimbi bekumenywe izikole ezakhele ilokishi laseMlazi nasePinetown. Abafundi bagqugquzelwe ukuba bathathe izifundo zobunjiniyela uma sebeqhuba izifundo zabo emfundweni ephakeme.

Izikole bekumele silethe iphrojekthi yesayensi, ezintathu kuzo ezenze kahle zithole izinsiza zeSayensi ezibiza u-R85 000. "Kube khona izinkulumo ezingezinhle mayelana nabafundi baseNingizimu abenza iZibalo neSayensi, iNingizimu Afrika ibekwe yaba sekugcineni. Sizimisele ngokukushintsha konke lokhu, kuzophumelela ngokuthi sihlizeke abafundi ngezinsiza ezifanele ukuze benze ngcono imuphumela yabo," kusho uMnuz. Steven Barnwell oyikhulu esiphezulu kaVodacom.

"Sethemba ukupthi lezi zinsiza zizothuthukisa indlela abenza ngayo kulesi sifundo ezikoleni. Lokhukuzobenza bafike eNyuvesi sebehlomile,baqale isifundo sabo sobuNjiniyela sbekulungele," kuphetha uBarnwell. Lolu hlelo lwengamelwe uMnuz. Ahmed Motala we-New Africa Education Foundation.

Uzigcina kanjani uphephile uma upaka imoto

NGENXA yokwanda kwamacala okwebiwa kwezimoto nokugqekezwa kwazo, amaphoyisa aseMgungundlovu asekhiphe izindlela ezingasiza abashayeli ukunqanda lokhu.

Okuphawulekayo ngala macala ukuthi kwesinye isikhathi abashayeli baba nokunganaki ngenxa yokuthi iningi lamacala abikwayo, izigilamkhuba azisebenzisi indlakadla ukuze zingene ngaphakathi kodwa kuvele kube lula. Nazi izindlela ezingasetshenziswa ukuze ungazitholi usuyisisulu.

• Yenza isiqiniseko sokuthi amawindi nezicabha zivaliwe uma upaka imoto yakho.
• Ungashiyi isibhamu sakho emotweni ngoba lokho kuphambene nomthetho
• Izimpahla ezibizayo okubalwa ama-laptop namakhamera kumele zifakwe ebhuthini
• Qaphela abantu abazofika kuwena bakutshele ukuthi ithayi lakho liphantshile, kungenzeka ukuthi bazuke benenhloso yokweba izinto abazibona ngaphakathi emotweni noma basuke bezokuduna imoto
• Zama ukugcina amawindi emoto yakho evaliwe uma ushayela edolobheni
• Ungabavuleli amawindi labo abadayisa emgwaqeni noma emarobhothini
• Ungawusebenzisi umakhalekhukhwini wakho ngaphandle uma une-hands free kit
• Valela izimpahla zakho ezibizayo ebhuthini ngaphambi kokuba uhambe
• Yenza okufanayo noma usendaweni yokupaka noma egalaji ekhaya
• Ungashiyi ukhiye wakho noma ikanjani
• Ungashiyi izikhwama noma i-briefcase endaweni esobala
• Vala izicabha namawindi uma uphuma emotweni
• Khumula umsakazo noma lendawo engaphambili uma wehla
• Zama ukufaka i-alarm noma umshini ovikela ukuthi imoto ingantshontsheki
• Ukhiye awube esandleni uma usuyongena emotweni yakho ngenxa yokuthi kuba nzima ukuwuthola uma usesikhwaneni
• Izindawo zokupaka ezinabantu abagadile ziphephile noma nezingazungeziwe amahlathi noma amabhilidi nokungaba indawo okungacasha kuyo izigilamkhuba

Amasu amqoka okonga amanzi

PHOTO CREDIT: Internet

Amasu okonga amanzi angasiza umphakathi

1. Yehlisa, ulungise uphinde usebenzise amanzi asesebenzile. Lena indlela elula nekulungele ukuyisebenzisa ekhaya.

2. Ungawonga kanjani amanzi ekhaya?
* Flasha ithoyilethi uma kunesidingo
* Vala umpompi uma uxubha, ugeza izinwele noma ushefa
* Sebenzisa ibhakede kunokuvulela ipayipi uma uwasha imoto. Lokhu kungakongela amanzi alinganiselwa emalitheni angu-300.
* Umpompi ovuzayo umosha amnzi alinganislewa elitheni emva kwemizuzu engu-20, ngakho -ke Lungisa umpompi ovuzayo ngokushesha.
* Bika ukuqhunyiswa kompompi nokuxhunywa kwamnzi okungekho emthethweni kule nombolo: 0801 313 013 noma Eservices@dmws.durban.gov.za.

3. Uma usebenzisa amanzi angaphansi kwamalitha angu -9000 ngenyanga, aba mahhala. Amalitha angu -300 amanzi amele lokhu okulandelayo:
* Ukuflasha ithoyilethi izikhathi ezingu -30
*Ukugeza kathathu
* Ukusebenzisa amaketelo amanzi angu -200
* Ukuwasha izitsha izikhathi ezingu -30

4. Izinto ezenza ube nesikweletu esikhulu samanzi
* Ukuvuza kompompi
*Ukungakhokhi isikweletu
*Ukungafundeki ngendlela kwemitha.

5.Abaluleke ngani amanzi ahlanzekile?
* Amanzi ahlanzekile asho impilo engcono
*Abaluleke ekukhiqizweni kokudla esikudlayo okubalwa izitshalo, nemfuyo angeke iphile uma engekho amanzi.

6. Singazigcina kanjani siphuza amanzi ahlanzekile?
* Ngokugcina imifula namadamu ahlale ehlanzekile. Ungachami futhi ungalahli amakhemikhali noma ikuphi.

EAGLE MOTOR CITY
We'll Hunt Till We find
The exact part you're looking for...

Sharad Essop and Farhad

Essop are the co-owners of Eagle Motor City. The business started over three years ago.

Specializing in vw,bmw and Toyota Motor spares. Affordable used tyres and rebuilds. We will hunt till we find, the exact part you are looking for.

Follow us on facebook on www.eaglemotorcity.co.za

EAGLE MOTOR CITY
We'll Hunt Till We find
The exact part you're looking for...
NEW & USED SPARES
REBUILDS & SECOND HAND TYRES
152 Sidar Road, Clairwood
Farhad: 073 212 7788 / 031 459 1210
Email: eaglemotorcity@gmail.com
www.eaglemotorcity.co.za

4X4 HILUX D4D 3.0 NEW SPEC

BMW 125i DROP TOP

TOYOTA ETIOS 1.5 SEDAN

BMW X5 3.0i

CHEV AVEO 1.6 2010

BMW E90 320D FACELIFT

BMW 118i NEW SPEC (F30)
BMW E90 - 320i - 325i
BMW E46 - 325i
BMW F20 - 1200
BMW X5 - 1.4i
BMW X5 - 3.0i
CHEV OPTRA
CORSA LITE
CORSA GAMMA 1.4 & 1.6
COLT 2.8TD (D-CAB & S-CAB)
GOLF 4 - 1.6
GOLF 5 - 1.6
GOLF 5 - 2.0TDi
ISUZU SINGLE CAB
MERC A16 OLS SPEC
POLO 6 - 1.6
TOYOTA AURIS
TOYOTA ETIOS H-B & SEDAN
TOYOTA HILUX 2.0 LVVTi
TOYOTA ROUNDER 130 CARB
TOYOTA RUN X 03-09
TOYOTA YARIS H-B & SEDAN
TOYOTA VERSO & YARIS H/B & SEDAN
TOYOTA COROLLA ROUNDER 160i & 30
COLT 2.8DT & PETROL
ISUZU KB250 & KB280 & 4X4 D-CAB

SPECIALISING IN VW, BMW & TOYOTA